11. Ukugcinwa kweminingwane yi SETA
12. Izivumelwano phakathi kwabaqhashi ne ESDA
13. Isicelo sokubhaliswa kwe ESDA
14. Izidingo zokubhaliswa zama ESDA
15 Ukubhaliswa kwama ESDA
16. Imigomo yokubhaliswa kwama ESDA
17. Ukwesulwa kokubhaliswa kwama ESDA
18. Ukudluliswa kwezikhalo
19. Isihloko esifingqiwe
20. Imithethomigomo esuliwayo

Isithasiselo A: Isicelo sokubhalisa uHlelo Lokufundisa Amakhono
Isithasiselo B: Isivumelwano soHlelo Lokufundisa Amakhono
Isithasiselo C: Isivumelwano phakathi komQashi ne ESDA
Isithasiselo D: Isicelo sokubhaliswa kwama ESDA
Isithasiselo E: Isitifiketi soku bhaliswa kwe ESDA

Izincazelo

1 KuleSheduli, noma iliphi igama elisetshenziwe noma umbono elinikezwe incazelo yalo ngokoMthetho Ongamele lisho leyoncazelo enikeziwe futhi-

(a) **"umqashi"** umbandakanya nomqhashi oyinhloko;

(b) **"ESDA"** – kuchaza i-Employment and Skills Development Agency esungulwe ngokulotshiwe kusigaba 17(7) soMthetho Ongamele;

(c) **"ETQA"** Umnyango owenza isiqiniseko sokuthi imfundo nokuqeqesha kuhamba ngendlela njengoba kulotshiwe kusigaba 5 (l)(a)(ii)(bb) soMthetho we SAQA;

(d) **"umqashi oyinhloko"** kuqhaza umqashi ochazwe kusigaba 5(4) salemithethomigomo;

(e) **"umqeqeshi oyinhloko"** kuqhaza umqeqeshi ochazwe kusigaba 5(5) saleMithethomigomo;

(f) **"uHlelo Lokufunda Amakhono"** kuqhaza uHlelo lokufunda-

(i) oluqukethe uhla lokufunda olwakhiwe; uHlelo luhlanganisa umsebenzi othile owenziwa mathupha ngesikhathi esibekelwe;

(ii) uHlelo Lokufunda lwandulela kusiqu esibhalisiwe ngu SAQA nesikhundla somsebenzi esiqondene; futhi

(iii) uHlelo Lokufunda Amakhono oluhlosiwe lubhalisiwe yiNhloko yoMnyango Wezabasebenzi ngendlela eyaliwe.

(g) **"isivumelwano soHlelo Lokufunda Amakhono"** kuqhaza Isivumelwano soHlelo Lokufundisa Amakhono ngokulotshiwe kusigaba 17(1) soMthetho Ongamele;

(h) **"isiqu noma isifundo esincikene noHlelothize Lokufunda Amakhono"** kuqhaza isifundo ngokulotshiwe kusigaba 16(c) soMthetho Ongamele;

(i) **"umfundi wesigaba 18(1) soMthetho Ongamele"** kuchaza umfundi obesebenza kumqashi obandakanyekayo esivumelwaneni ngesikhathi isivumelwano senziwa;

(j) **"umfundi wesigaba 18(2) soMthetho Ongamele"** kuchaza umfundi obengaqashwanga ngumqashi obandakanyekayo ohlelweni lokufundisa nokuqeqesha ngesikhathi kwenziwa isivumelwano;

(k) **"ukuthumela"** kuchaza ukuletha izinto ezidingekayo ngesandla noma ngeposi elibhalisiwe okanye ngombikombani ukuze kuthi lowo oziholayo azithole ziwuhlobo olubhaliwe;

(l) **"uMthetho Ongamele"** kuchaza Umthetho Wezokuthuthukiswa Kwamakhono we-1998 (Umthetho Ongunombolo 97 we-1998); kanye no-

(m) **"umqeqeshi"** umbandakanya nomqeqeshi oyinhloko.

Ukubhaliswa kweziNhlelo Zokufunda Amakhono

2 (1) I-SETA efuna ukubhalisa uhlelo lokufundisa ngokwesigaba 16 soMthetho Ongamele kufanele igcwalise isicelo sokubhalisa esihambisana nemibandela njengoba kubekwe ku Sithasiselo "A".

(2) Isicelo kufanele sisayindwe nguMphathi-Jikelele weSETA bese sithunyelwa kuNhloko yoMnyango Wezabasebenzi.

(3) Uma i-SETA icela ukubhalisa uhlelo lokufunda ingahlangabezani nezidingo ze-ETQA ngohlelo efuna ukulubhalisa leyo SETA kufuneka ikhombise ubufakazi obanele bokuthi yenze amalungiselelo anele ne ETQA kuNhloko yoMnyango-

(a) lokhu kuqinisekisa izinga eliphezulu lokuphatha kwezemfundo, ukuqeqeshwa nokuhlolwa kwabafundi abangaphansi kohlelo;

(b) ukukhishwa kwezitifiketi zempulelelo ekuphothulweni kohlelo.

(4) Ngokubhaliswa kohlelo iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi-

(a) ikhipha inombolo yohlelo lokufunda;

(b) inikeze iSETA isitifiketi sokubhaliswa kohlelo lokufunda.

(5) INhloko yoMnyango Wezabasebenzi ingafuna ulwazi, imininingwane nezincwadi kuSETA ngaphambi kokubhaliswa kohlelo lokufunda ngezikhathi azinqumile.

Ukuchitshiyelwa kweziNhlelo Zokufunda Amakhono ezibhalisiwe

3 (1) I-SETA ingenza isicelo esibhaliwe kuNhloko yoMnyango ukuthi kuchitshiyelwe uhlelo olubhalisiwe.

(2) Uma i-SAQA ichibiyela uhlelo olubhalisiwe njengoba kushiwo kusigatshana (1) i-SETA eqondene nohlelo kufanele ifake isicelo sokuchibiyela uhlelo kungakapheli izinsuku ezingamashumi amane nesihlanu (45).

(3) Uma uhlelo lokufunda olubhalisiwe luchitshiyelwa iNhloko yoMnyango ichibiyele isitifiketi sokubhaliswa kohlelo lokufunda njengoba kufanele noma akhiphe isistifiketi esisha.

(4) Ukuchitshiyelwa kohlelo lokufunda akuthinti-

(a) amalungelo nemisebenzi yabantu abambandakanyekayo kunoma isiphi isivumelwano esisamile ngesikhathi kuchitshiyelwa uhlelo lokufunda;

(b) ubunjalo bohlelo oluqedwe ngumfundi kanye nanoma iluphi uhlelo oluphunyelelwe oluphathelene nohlelo obelusebenza-

(i) ngaphambi kokuchitshiyelwa kohlelo;

(ii) noma isikhathi esiqaliwe ngaphambi kokuchitshiyelwa kohlelo kanye naleso sikhathi umfundi asiqedile.

Ukwesulwa kweziNhlelo Zokufunda Amakhono ezibhalisiwe

4 (1) INhloko yoMnyango ingalwesula uhlelo lokufunda olubhalisiwe uma-

(a) i-SETA icele ngencwadi kuNhloko yoMnyango ukuthi esule uhlelo lokufunda olubhalisiwe;

(b) izifundo eziphathelene nohlelo zesulwe yiSAQA;

(c) i-SETA yehluleka ukunikeza ulwazi, imininingwane nezincwadi eziphathelene nohlelo lokufunda njengoba kumisiwe esigabeni 2(5);

(d) iNhloko yoMnyango inelisekile ukuthi asikho isidingo sohlelo ngenxa yokungabikhona kwabafundi ababhalisela uhlelo.

(2) Ngaphambi kokwesula uhlelo iNhloko yoMnyango kufanele-

(a) ashicilele isaziso senhloso yokwesula uhlelo lokufunda nezizathu zokwenza lokho kuSomqulu ka Hulumeni (Government Gazette);

(b) anikeze abathintekayo izinsuku ezingamashumi amathathu kusukela ngosuku lwesaziso kuSomqulu ka Hulumeni ukuthi babeke imibono yabo ukuthi kungani uhlelo kufanele lungesulwa;

(c) abheke imibono yabantu abathintekayo kanye nabaPhathi beNhlangano yamaKhono kaZwelonke (NSA) uma enza isinqumo.

(3) Ukwesulwa kohlelo lokufunda olubhalisiwe akuthinti-

(a) amalungelo nemisebenzi yalabo abathintekayo ezivumelwaneni zohlelo ebezimile ngesikhathi sokwesulwa kohlelo;

(b) ubunjalo bohlelo oluqedwe ngumfundi kanye nanoma iziphi izifundo eziphathelene nohlelo umfundi aziphumelele-

(i) ngaphambi kokwesulwa kohlelo;

(ii) noma isikhathi esingakanani esiqaliwe noma esiqedwe ngumfundi ngaphambi kokwesulwa kohlelo lokufunda.

Ukubhaliswa kwezivumelwano zeziNhlelo Zokufundisa Amakhono

5 (1) Isivumelwano sohlelo lokufunda kufuneka sibenjengoba sibekwe kusithasisele B.

(2) I-SETA ingadinga ukuthi abantu abathintekayo esivumelwaneni sohlelo lokufunda banikeze ulwazi ngaphezulu kwalolo abalunikeze njengoba kishiwo kusigatshana (1).

(3) I-SETA ingabhalisa isivumelwano sohlelo lokufunda ngokwesigaba 17(3) kuphela uma-

(a) iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi ilubhalisile uHlelo lokufunda;

(b) isivumelwano sokufunda njengoba kuchaziwe kusigatshana (1) sigcwalisiwe sathunyelwa kuSETA;

(c) sisayindwe yibo bonke abantu abathintekayo esivumelwaneni, kanti uma umfundi esemncane[1], kumele kube abazali abasayindayo;

(d) umqashi othintekayo esivumelwaneni uwela ngaphansi kwaleyo SETA njengoba kubekwe nguNgqongqoshe kusigaba 9(2) soMthetho Ongamele;

(e) uma umqashi kufanele akhokhe intela, lowomqashi uwela ngaphansi kwamandla eSETA ngokwesigaba 5 soMthetho Wezintela Zokuphuculwa Kwamakhono (Skills Development Levies Act);

(f) umqeqeshi othintekayo esivumelwaneni unegunya lokufundisa izifundo ezisohlelweni njengoba kubekiwe kusigaba 17 (1)(c);

(g) isivumelwano kufuneka sihambisane nomthetho kanye nayo yonke eminye imigomo ephathelene nezinhlelo zokufunda ezibhalisiwe;

(h) isivumelwano sohlelo lokufunda sasayindwa ngaphambi kokuqala kohlelo;

(i) uma kungumfundi wesigaba 18(2) umqashi nomfundi banesivumelwano somsebenzi ngaphansi kwesigatshana (8).

(4) I-SETA ingabhalisa izivumelwano sezinhlelo zokufunda namaqembu abaqashi uma-

(a) oyedwa wabaqashi akhonjwe njengomqashi oyinhloko esivumelwaneni;

(b) umqashi oyinhloko nomfundi basayindile esivumelwaneni;

(c) umqashi oyinhloko ezibophezela ukuthi-

[1] Omncane kuchaze umuntu ochazwe ngokomthetho we Birth and Registration Amendment Act No.1 of 2002

(i) uzoqinisekisa ukugcinwa kwemisebenzi yomqashi njengoba isesivumelwaneni;

(ii) uzoqinisekisa ukugcinwa kwesivumelwano endaweni yokusebenza yabanye abaqashi abathintekayo esivumelwaneni.

(5) I-SETA ingabhalisa uhlelo lokufunda olunamaqembu abaqeqeshi abayingxenye yalo kuphela uma -

(a) omunye wabaqeqeshi ezoba ngumqeqeshi oyinhloko;

(b) umqeqeshi oyinhloko egunyaziwe ukufundisa izifundo eziyingxenye yohlelo njengoba kubekiwe esigabeni 17(1)(c) soMthetho Ongamele;

(c) umqeqeshi oyinhloko uzibophezela ukuthi -

(i) uzoqinisekisa ukuthi ukugcinwa kwemisebenzi yabaqeqeshi njengokwesivumelwano;

(ii) uzoqinisekisa ukuthi ukuhlolwa kwabafundi kuhamba ngendlela njengoba kubekwe yiSETA ethintekayo;

(iii) uzibophezela ukuthi ukuqeqeshwa nokuhlolwa kwabafundi ezindaweni zabaqeqeshi abathintekayo esivumelwaneni.

(6) I-SETA kufanele -

(a) yenze isinqumo sokuthi ibhalisa noma ayisibhalisi isivumelwano sohlelo lokufunda kungakapheli izinsuku ezingamashumi amabili nanye isitholile isivumelwano sokufunda.

(b) uma i-SETA yenza isinqumo sokubhalisa isivumelwano sohlelo lokufunda kungapheli izinsuku eziyisikhombisa isenzile isinqumo, kufanele -

(i) ibhale igama, usuku lokubhaliswa, nenombolo yokubhaliswa kohlelo lokufunda;

(ii) ithumele ikhophi komunye ngamunye wabathintekayo esivumelwaneni emakhelini abhalwe esivumelwaneni.

(c) uma i-SETA yenza isinqumo sokungalubhalisi uhlelo lokufunda kufanele yazise bonke abathintekayo inikeze nezizathu zokungabhalisi kungakapheli izinsuku eziyisikhombisa isenzile isinqumo.

(7) Uma abathintekayo bevumelana ngokunye, isivumelwano somsebenzi kubafundi abangaphansi kwesigaba 18(2) somthetho siqala ukusebenza uma iSETA seyibhalise isivumelwano sohlelo lokufunda ngalowo mfundi.

Ukuqala kokufunda nokuqeqeshwa ngaphansi koHlelo Lokufunda Amakhono

6 Umfundi nomqeqeshi abathintekayo esivumelwaneni sohlelo lokufunda abavunyelwe ukuqala ngemfundo nokuqeqesha ngokwesivumelwano iSETA ingakasibhalisi isivumelwano sohlelo lokufunda.

Ukuguqulwa kwemibandela yezivumelwano zeziNhlelo Zokufunda Amakhono

7 (1) Abathintekayo esivumelwaneni sohlelo lokufunda olubhaliswe kuSETA, bangavumelana ukuguqula imibandela yesivumelwano uma iSETA ivuma.

(2) I -SETA ingabhalisa izinguquko ezishiwo kusigatshana (1) kuphela uma ithola ikhophi yesivumelwano ehambisana nezinguquko ezenziwe kuleso sivumelwano esayindwe yibo bonke abathintekayo kuleso sivumelwano.

Ukushintswa kwabantu abangamalunga wesivumelwano soHlelo Lokufunda Amakhono

8 (1) I -SETA ingakuvumela ukushintshwa komqashi noma umqeqeshi oyingxenye yesivumelwano njengoba kunqunywe esigabeni 17(5) somthetho uma isicelo esibhaliwe siphelezelwa yisivumelwano esinemibandela futhi sisayndwe yibo bonke abayingxenye yesivumelwano senziwa kuSETA.

Ukuqedwa kwesivumelwano sokufundisa amakhono

9 (1) I-SETA ingakuvumela ukuqedwa kwezivumelwano zohlelo lokufunda ngegunya lesigaba 17(4)(b) somthetho uma-

(a) umqashi nomfundi bevumelana ngencwadi ukuqeda isivumelwano;

(b) umqashi noma umfundi ngezizathu ezinqala, ezicelela ukuba kuqedwe isivumelwano nabanye abathintekayo benikeziwe ithuba lokubeka imibono yabo ephikisa ukuqedwa kwesivumelwano;

(c) umfundi eqede isivumelwano somsebenzi nomqashi wakhe;

(d) umqeqeshi ucele ukuthi isivumelwano siqedwe ngenxa yezizathu ezinohlonze futhi -

(i) abayingxenye yesivumelwano banikeziwe ithuba lokubeka imibono yabo;

(ii) i-SETA nomqashi behlulekile ukuthola umqeqeshi omusha wokubambela omdala njengoba kubekwe esigabeni 7(1).

(2) Isicelo sokuqedwa kwesivumelwano ngokwesigatshana (1) kufanele senziwe kuSETA ngencwadi ephelezelwa -

(a) ikhophi yesivumelwano okukhulunywa ngaso;

(b) ngokwesigatshana (1)(a), isivumelwano esisayindwe umqashi kanye nomfundi futhi umfundi anikeze izizathu zokuqedwa kwesivumelwano.

Ukuthathwa kwezinqumo ngamaSETA

10 I-SETA ingathatha noma isiphi isinqumo esidingekayo ngegunya laleMithethomigomo kungakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu ithole izincwadi ezifanele, phandle uma kubekwe ngenye indlela kuleMithethomigomo.

Ukugcinwa kwemininingwane yi SETA

11 (1) Wonke amaSETA kufuneka agcine izincwadi eziqukathe -

(a) zonke izivumelwano zezinhlelo zokufunda ezibhaliswe yiSETA kanye negama lohlelo nenombolo yokubhaliswa kwezinhlelo;

(b) zonke izimali ezikhokhwe yiSETA ikhokhela izinhlelo zokufunda;

(c) zonke izinguquko emibandeleni yezivumelwano njengoba kuchaziwe kusigaba 7;

(d) zonke izinguquko zabantu abangamalunga wesivumelwano sokufunda njengoba kuchaziwe kusigaba 8;

(e) zonke izivumelwano zezinhlelo zokufunda eziqedwe ngempumelelo, kanye negama nenani lezinhlelo;

(f) zonke izivulmelwano iSETA engazange izibhalise nezizathu zokungabhalisi;

(g) zonke izivumelwano ezaqedwa ngokwesigaba 10 saleMithethomigomo nezizathu zalokho.

(2) Izincwadi ezishiwo esigabeni (1) ngaphezulu zingagcinwa noma ngaluphi uhlobo kodwa kufuneka okungenani ikhophi eyodwa yezincwadi ibe wuhlobo lwephepha.

Izivumelwano phakathi kwabaqashi ne ESDA

12 (1) Umqashi angenza isivumelwano ne ESDA lapho i-ESDA izibophezela ukuthatha eminye noma yonke imisebenzi yomqashi noma ukwenza eminye yemisebenzi yomqashi mayelana -

(a) nesivumelwano sohlelo lokufunda nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(1);

(b) nesivumelwano somsebenzi noma isivumelwano sohlelo lokufunda nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(2).

(2) Umqashi angenza isivumelwano esikusigaba (1) ne ESDA abhaliswe yiNhloko yoMnyango Wezabasebenzi kuphela ngokwaleMithethomigomo.

(3) Isivumelwano esigabeni (1)-

(a) singabandakanya isivumelwano somsebenzi esisodwa noma eziningi okanye izivumelwano zokufunda ngaphansi kohlelo;

(b) singabandakanya izivumelwano zomsebenzi noma zokufunda-

(i) eseziphelile uma isivumelwano somsebenzi noma sokufunda sichitshiyelwe futhi sasayindwa abayingxenye yaso;

(ii) ezizosayindwa esikhathini esizayo.

(c) singehluki noma sedlusele amalungelo asesivumelwaneni somsebenzi somfundi ongaphansi kwesigaba 18 (1);

(d) singehluki noma sedlulisele amalungelo nemisebenzi asemthethweni ngaphandle kwalo, phandle uma kuvunyelwa yilowoMthetho[2].

(4) Uma isivumelwano esishiwo esigabeni (1) senziwa maqondana -

(a) nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(1) i-ESDA ingasebenzisa kuphela lawo mandla emisebenzini eshiwo esivumelwaneni sokufunda ukuthi idluliselwe ku-ESDA;

(b) nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(2), i-ESDA inamandla okwenza imisebenzi yomqashi ngaphandle kwaleyo esesivumelwaneni sokufunda noma somsebenzi ehlala ingumthwalo womqashi.

(5) Isivumelwano esigabeni (1) kufuneka okungenani sihlangabezane nemigomo nemibandela equkethwe kuSithasiselo C.

Isicelo sokubhaliswa kwe ESDA

13 Isicelo sokubhalisa i-ESDA kufuneka senziwe kuNhloko yoMnyango Wezabasebenzi njengoba kubekwe kuSithasiselo D.

Izidingo zokubhaliswa zama ESDA

14 (1) INhloko yoMnyango ingabhalisa i-ESDA uma enelisiwe ukuthi lowo owenza isicelo-

(a) unezingqalasizinda, izimfanelo nokunye ukuthi enzele abafundi nabaqashi umsebenzi osezingeni eliphezulu;

(b) uhlangabezana nazo zonke izimfuno zomthetho ezithinta umsebenzi wakhe;

(c) unekhono nezindlela ezisebenzayo ekuphathweni kwezimali;

(d) unezindlela zokuphatha nokugcinwa kwezincwadi ezisebenzayo;

[2] Inothi: Isibonelo, umqashi kufanele aqinise ukuthi abafundi abasebenza ngaphansi kwakhe bavikelekile ngaphansi koMthetho we Occupational Health and Safety Act 85 ka 1993.

(e) uyakwazi ukwenza izinqumo nokuphatha ngendlela;

(f) unamakhono okwenza umsebenzi omuhle njenge-ESDA;

(g) uzogcina izinga eliphezulu lokuziphatha ekwenzeni umsebenzi njenge-ESDA;

(h) uzohlangabezana nazo zonke ezinye izidingo ezifunwa yiNhloko yoMnyango Wezabasebenzi.

(2) INhloko yoMnyango ingafuna ukuthi lowo owenza isicelo anikeze ulwazi, imininingwane nezincwadi ezinye ezixhasa isicelo sokubhalisa ngesikhathi esinqunywe yiNhloko yoMnyango Wezabasebenzi.

Ukubhaliswa kwama ESDA

15 (1) Uma iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi yenza isinqumo sokubhalisa i-ESDA kufanele-

(a) afake igama le-ESDA encwadini yama-ESDA;

(b) akhiphe isitifiketi sokubhaliswa kwe-ESDA esisho nemibandela yokubhaliswa.

(2) Isitifiketi sokubhaliswa kufanele sifane naleso esikuSithasiselo E kuleMithethomigomo.

(3) Uma iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi enza isinqumo sokungayibhalisi i-ESDA kufanele azise lowo owenze isicelo ngencwadi maqondana nesinqumo sakhe anikeze nezizathu ngesinqumo sakhe.

Imigomo yokubhaliswa kwama ESDA

16 INhloko yoMnyango Wezabasebenzi ingabeka noma imiphi imigomo ekubhalisweni kwama ESDA kanti futhi ngezizathu ezinohlonze, achibiyele noma asuse noma imuphi umgomo okanye enze imigomo emisha.

Ukwesulwa kokubhaliswa kwama ESDA

17 (1) INhloko yoMnyango Wezabasebenzi, ngezizathu ezinohlonze, ingesula i-ESDA encwadini emuva-

(a) kokwazisa ngencwadi i-ESDA ngenhloso yokuyesula anikeze nezizathu zalokho;

(b) anikeze i-ESDA izinsuku ezingamashumi amathathu kusukela osukwini lwesaziso ukuthi ibeke imibono yayo ephikisa ukwesulwa kwayo;

(c) abheke imibono ayitholile uma enza isinqumo sokwesula i-ESDA.

(2) Uma iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi yesula i-ESDA kufanele -

(a) azise i-ESDA ngencwadi ukuthi usenzile isinqumo anikeze nezizathu zesinqumo sakhe;

(b) esule igama le-ESDA encwadini yama ESDA.

(3) I-ESDA eyesuliwe encwadini njengoba kushiwo esigabeni (1) kufuneka ibuyisele isitifiketi sokubhaliswa kuNhloko yoMnyango kungakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu emuva kokwaziswa ukuthi yesuliwe.

(4) Umangabe i-ESDA isebenzisa amalungelo omqashi noma beyenza umsebenzi womqashi ngokwezivumelwano zohlelo lokufunda noma zomsebenzi seyesuliwe noma ingasekho nganoma isiphi isizathu noma ingasasebenzi, wonke amalungelo nemisebenzi ebeyinikezwe wona abuyela kumqashi ngokwesivumelwano esisesigabeni 12 phandle uma umqashi enze isivumelwano nenye i-ESDA ngokwesigaba 12(1).

Ukudluliswa kwezikhalo

18 (1) Lowo owedlulisa isikhalo ngokwesigaba 19(2) soMthetho Ongamele kufanele athumele iForm 7.11 eshicilelwe ngokoMthetho Wezabasenzi (Labour Relations Act 66 of 1995) egcwalisiwe ku Khomishani Wokuxolelana, Ukulamula Nokubonisana (Commission for Concilliation, Mediation and Arbitration).

(2) Imibandela equkethwe eziQeshini C no D wesaHluko VII soMthetho Wezabasebenzi (Parts C and D of Chapter VII of the Labour Relations Act 66 of

1995) ufundwa nezinguquko ezidingwa yisimo, uyasebenza ngokwesigaba 19 soMthetho Ongamele.

(3) Umfundi owedlulisa isikhalo njengoba kulotshiwe esigabeni 19(1) soMthetho Ongamele ku CCMA ngokwesigaba 19(2) soMthetho Ongamele uhambisana nesigaba 19(3) soMthetho Ongamele uma -

(a) ngokwesivumelwano sohlelo lokufunda noma somsebenzi lapho amalungelo nemisebenzi yomqashi adluliselwe ku-ESDA, ikhophi yokwedluliswa kwesikhalo ithunyelwa kumqashi noma ku-ESDA;

(b) esivumelwaneni sohlelo lokufunda lapho kuneqembu labaqashi lithinteka, ikhophi yencwadi yokwedluliswa kwesikhalo inikezwa umqashi oyinhloko.

Isihloko esifingqiwe

19 LeMithethomigomo izokwaziwa ngokuthiwa yiMithethomigomo yeziNhlelo Zokufunda Amakhono, 2007.

Imithethomigomo esuliwayo

20 IMithethomigomo yeziNhlelo Zokufundisa Amakhono ka 2001, eshicilelwe kuSaziso soMphakathi esingunombolo 330, esiqukethwe kuSaziso sikaHulumeni, Inombolo 22197 yangomhlaka 1 April 2001 iyesulwa ngokuphelele.

Isithasiselo A

ISICELO SOKUBHALISA UHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO

Amaphepha okufanele ahambisane nalesisicelo:

- Ubufakazi obubuya ku SAQA obuphuma ku website ka SAQA
- Uma i-SETA eyenza isicelo ingagunyaziwe ngu ETQA ngezifundo ezihambisana noHlelo Lokufunda, ubufakazi bokothi iwenzile amalungiselelo no ETQA

Inombolo yoHlelo Lokufunda : _____

Usuku lokubhaliswa koHlelo : _____

Usuku lokubuyekezwa koHlelo : _____

I SETA ephethe uHlelo : _____

I ETQA enegunya lokuphatha loHlelo :

_____

(Ihhovisi kuphela)

1. Imininingwane ye SETA

1.1 Igama le SETA _____

1.2 Igama lomkhandlu we SETA (uma ukhona) _____

1.3 Imininingwane yomuntu we SETA ogunyazwe ukwenza lesisicelo

1.3.1 Igama: _____

1.3.2 Ucingo: _____

1.4 Ucingo lwe SETA: _____

1.5 Inombolo yefeksi ye SETA: _____

1.6 Ikheli le SETA: _____

_____

_____

1.7 Ikheli le email ye SETA: _____

2. Imininingwane yesifundo

2.1 Isihloko sesifundo esihambisana noHlelo Lokufunda Amakhono: _____

2.2 Inombolo yesifundo ephuma ku SAQA: _____

2.3 Izinga ngokwe NQF: _____

2.4 Usuku lokuphela kwesifundo : _____

2.5 Inani eliphansi lama credits esifundo : _____

2.6 Ibanga elemukelekile ukuqala izifundo : _____

2.7 Igama le ETQA ephethe isifundo : _____

3. Imininingwane yoHlelo Lokufunda

3.1 Ingabe lesi yisicelo sokubhalisa uHlelo Lokufunda olusha noma olukhona ?

(Khetha)

3.1.1 ☐ UHlelo olusha Lokufunda

3.1.2 ☐ UHlelo Lokufunda lokuvala uHlelo olukhona

3.2 Uma luvala uhlelo olukhona, phendula okulandelayo :

3.2.1 Igama loHlelo olukhona : _____

3.2.2 Inombolo yoHlelo olukhona : _____

3.3 Isihloko sohlelo lokufunda : _____

3.4 Usuku lokubuyekezwa kohlelo lokufunda : _____

3.5 Inani lamaphuzu (credits) atholakala ngaloluhlelo : _____

3.6 Isikhundla somsebenzi (ngokwe Organising Framework for Occupations – OFO):

_____

3.7 Inombolo yekhodi yesikhundla (ngokwe Organising Framework for Occupations – OFO):

_____

4. Ukusungulwa koHlelo Lokufunda Amakhono

4.1 Saziwa kanjani isidingo saloluHlelo Lokufunda ?

(Khetha)

☐ Ipulani lamakhono le SETA

☐ Ipulani lamakhono le SETA encikene

☐ Ucwaningo lamakhono le SETA

☐ Ipulani lamakhono labaqhashi

☐ Uhla lwamakhono aswelekileyo

☐ Ulwazi olukhona emphakathini (chaza): _____

_____

Okunye (chaza): _____

4.2 Luzokwanelisa ziphi izidingo loluHelo Lokufundisa Amakhono ?

_____

_____

_____

4.3 Yini inhloso yaloluHlelo Lokufunda ? _____

_____

_____

_____

5 Uhla loHlelo Lokufunda Amakhono ngokwe unit standards

Igama lesikhundla				Inombolo yesikhundla	
Isihloko soHlelo				Amaphuzu (credits) aqukethwe wuhlelo	
Isihloko sesifundo				Inombolo yokubhaliswa kwesifundo	
Usuku lokuphela kwesifundo		Izinga kwi NQF		Isisindo (value) samaphuzu esifundo	
i-ETQA ephethe isifundo					
Inhloso yesifundo					
Izimfuno ezidingekayo ukuqalisa uhlelo					

Isihloko sama unit standards	inombolo	Izinga le NQF	Isisindo	Imiphumela ye Unit Standard ngayinye	Okwekhulu okwenziwa : Umqeqeshi	Okwekhulu okwenziwa : Umqhashi	Ubufakazi bobungcweti / bamakhono obenziwa umfundi emsebenzini	Isikhathi
Ama Unit Standards ayingqalasizinda (fundamental)								
				• •			• •	
				• •			• •	
Kukonke				Kukonke			Kukonke	
Ama Unit Standards ngqo (core)								
				• •			• •	
				• •			• •	
Kukonke				Kukonke			Kukonke	
Ama Unit Standards akhethiwe								

				• • •				• • •	
				• • •				• • •	
			Kukonke			Kukonke			Kukonke	

6 Uhla loHlelo Lokufunda Amakhono olungancikene nama unit standards

Igama lesikhundla				Inombolo yesikhundla	
Isihloko soHlelo				Amaphuzu (credits) aqukethwe wuhlelo	
Isihloko sesifundo				Inombolo yokubhalisa kwesifundo	
Usuku lokuphela kwesifundo		Izinga kwi NQF		Isisindo (value) samaphuzu esifundo	
i-ETQA ephethe isifundo					
Inhloso yesifundo					
Izimfuno ezidingekayo ukuqalisa uhlelo					

Imiphumela ekuphetheni kohlelo	Imiphumela yalokho okufundisiwe	Isikhathi sokufunda	Okwekhulu okwenziwa :		Ubufakazi bobungcweti / bamakhono obenziwa umfundi emsebenzini	Isikhathi sokufunda
			Umqeqeshi	Umqashi		
Unyaka wokuqala (1)						
		Kukonke				
Unyaka wesibili (2)						


Isithasiselo A
Ikhasi 66 of 86
Kukonke
Unyaka wesithathu (3)
Kukonke

66

7. Ukugoqela yi SETA

Thina sifunga siyagoqela ukuthi lesisicelo siyiqiniso elingenamaphutha lesidingo sokubhaliswa koHlelo Lokufunda Amakhono kanye nesifundo esincikene nalo.

Kusayindwe ngalolusuku _____ luka _____ 20_____

indawo_____

UMphathi weHovisi le SETA: _____ _____
Igama isiginesha

UMphathi we ETQA: _____ _____
Igama isiginesha

UMphathi woHlelo
Lokufunda Amakhono: _____ _____
Igama isiginesha

Isithasiselo B

i-logo ye SETA

ISIVUMELWANO SOHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO

ISIGABA A: IMIBANDELA NEZIBOPHO ZESIVUMELWANO

1 **Ukugoqela kwababamba iqhaza**

Siyazi ukuthi lesivumelwano siyasibophezela ngokomthetho;

Siyazi ukuthi kuwukuphula umthetho ukunikeza imininingwane engasilo iqiniso nelahlekisayo ngaphansi koMthetho Wezokuthuthukiswa Kwamakhono we-1998 (Umthetho Ongamele);

Sivumelana ngalamalungelo nezibopho ezilandelayo:

2 **Amalungelo nezibopho zabaFundi, abaQashi nabaQeqeshi**

2.1 **Amalungelo woMfundi**

UMfundi unelungelo:

2.1.1 lokungeniswa nokuqaliswa ohlelweni lokufunda amakhono;
2.1.2 lokufundiswa nokuqeqeshwa ngaphansi kohlelo lokufunda;
2.1.3 lokuthola zonke izimfanelo ezenza ukuthi aphumelele ekuzuzeni imiphumela ukuthi ekufundeni kanye nasekusebenzeni mathupha ukuze athole ulwazi ngemisebenzi ohambisana nohlelo;
2.1.4 lokuhlolwa futhi abone imiphumela yokuhlolwa ohlelweni lokufunda kanye nasekusebenzeni mathupha endaweni yokusebenza lapho athola khona ulwazi ngemisebenzi yohelo;
2.1.5 lokuthola imiphumela ngencwadi kungakapheli isinsuku ezingamashumi amabili nanye zokusebenza emuva kokuceda ukuhlowa kokugcina okufuneka kulesisvumelweno zokufunda;

2.1.6 lokuthola isitifiketi uma ephumelele ezifundweni ezihambisana nohlelo, kungakapheli izinsuku ezingamashumi amane nanhlanu emuva kokuhlolwa kokugcina komfundi;

2.1.7 Umfundi ongaphansi kwesigaba 18(2) unelungelo lokuthola izimali okuvunyelwene ngazo ngesikhathi efunda ngaphansi kohlelo;

2.1.8 Ukwedlulisa izikhalo ngencwadi kuSETA noma ku ETQA egunyazwe ukufundisa izifundo esihambisana nohlelo lokufunda. Izikhalo kufuneka ziphathelane namagebe kanye nezinga lokufunda nokuqeqeshwa

ngaphansi kohleko.

2.2 **Imisebenzi yoMfundi**

UMfundi kufanele:

2.2.1 Enze yonke imisebenzi yomqashi edingekayo engxenye yokufunda mathupha ngenhloso yokuthola ulwazi oludingekayo ohlelweni;

2.2.2 Alandele imithetho nezindlela zomqashi endaweni yokusebenza;

2.2.3 Abekhona futhi abambe iqhaza kuzozonke izifundo kanye nokusebenza mathupha ukuthola ulwazi olufunwa uhlelo;

2.2.4 Abekhona kuzozonke izifundo zolwazi kanye nezamathupha ezenziwa umqeqeshi;

2.2.5 Agcwalise amaphepha esikhathi nama-projects kanti futhi abambe iqhaza kukho konke ukuhlolwa okudingekayo kokulungiselela ukuhlolwa kokugcina ekupheleni kohlelo lokufunda;

2.2.6 Afunde ngokuzimisela kuzozonke izifundo zohlelo lokufunda.

2.3 **Amalungelo woMqashi**

Umqashi unelungelo lokufuna kumfundi:

2.3.1 Ukuthi enze yonke imisebenzi ekulesisivumelwano;

2.3.2 Ukuthi alandele imithetho nezindlela zokusebenza endaweni yokusebenza yomqashi.

2.4 **Imisebenzi yoMqashi**

Umqashi kufanele:

2.4.1 Enze yonke imisebenzi njengoba ibekwe kuMthetho Wezokuthuthukiswa Kwamakhono (Umthetho Ongamele) kanye neminye ebandakanya:

- Umthetho i-Basic Conditions of Employment Act, nombolo 75 ka 1997;
- Umthetho i-Labour Relations Act, nombolo 66 ka 1995;
- Umthetho i-Employment Equity Act, nombolo 55 ka 1998;
- Umthetho i-Occupational Health and Safety Act, nombolo 85 ka 1993 (okanye i-Mine Health and Safety Act, nombolo 27 ka 1996);
- Umthetho i-Compensation for Occupational Injuries and Diseases Act, nombolo 130 ka 1993;

- Umthetho i-Unemployment Insurance Act, nombolo 30 ka 1996).

2.4.2 Anikeze izimfanelo nendawo edingeka ukuqeqesha mathupha endaweni yomsebenzi ukuze abafundi bathole ulwazi lomsebenzi ohambisana nohlelo;

2.4.3 Aphathe, etuleke, abonise umfundi;

2.4.4 Afundise futhi aqeqeshe umfundi ukuthi akwazi ukwenza yonke imisebenzi okudingeka ayazi njengengxenge yohlelo lokufunda;

2.4.5 Akhulule umfundi ngezikhathi zomsebenzi ukuze akwazi ukuyofunda ezindaweni ezingekho endaweni yomsebenzi, nyengoba kudingwa uhlelo lokufunda;

2.4.6 Ahlole noma enze ukuthi kube nokuhlolwa emsebenzini wamakhono mathupha;

2.4.7 Agcine izincwadi ngokufunda nokuqeqeshwa kwasemsebenzini aphinde axoxisane nomfundi kanye nomqeqeshi ngenqubekela phambili yomfundi;

2.4.8 Uma umfundi ubengasebenzeli umqashi ngenkathi kwenziwe lesisivumelwano kufanele-

- enze isivumelwano somsebenzi nomfundi saleso sikhathi umfundi engaphansi kohlelo lokufunda;
- aluleke umfundi ngemigomo nemibandela yokuqashwa kanye nemali azoyithola; futhi
- aluleke umfundi ngemithetho nezindlela zokusebenza endaweni yomqashi.

2.4.9 Akhokhele umfundi imali abavumelene ngayo ngesikhathi umfundi esengaphansi kohlelo lokufunda;

2.4.10 Asebenzise izindlela anazo zokuqondisa izigwegwe, izikhalo kanye nokuxazululwa kwezinkinga njengoba kunjalo kubo bonke abanye abasebenzi;

2.4.11 Ahambise isivumelwano sokufunda ngaphansi kohlelo ukuthi sibhaliswe kuSETA;

2.4.12 Ahambise izincwadi ku-ETQA njengobe kundingeka.

2.5 **Amalungelo oMqeqeshi**

UMqeqeshi unelungelo lokuhlola amaphepha (portfolio) omfundi kanye nolwazi lokusebenza mathupha endaweni yomqashi.

2.6 **Imisebenzi yoMqeqeshi**

UMqeqeshi kufanele:

2.6.1 Afundise izifundo ezinohlaka ezidingwa uhlelo;

2.6.2 Axhase umfundi njengoba kudingwa uhlelo;

2.6.3 Abheke futhi agcine imininingwane yokufunda nokuqeqeshwa komfundi aphinde axoxisane nomfundi kanye nomqashi ngenqubekela phambili yomfundi ongaphansi kohlelo lokufinda;

2.6.4 Ahlole ulwazi lokufunda kwangaphandle komsebenzi noma enze ukuthi kube nokuhlolwa kwalololwazi;

2.6.5 Aqinisekise ukuthi ukuhlolwa kuhambisana nemiphumela elindelwe ngaphansi kohlelo lokufunda;

2.6.6 Akhiphe incwadi yemiphumela yezifundo emuva kokuhlolwa kokugcina kungakapheli izinsuku ezingamashumi amabili nanye, ayinikeze umfundi, iSETA kanye ne-ETQA enegunya lokuphatha lezozifundo.

3 Ukumiswa kwesivumelwano

3.1 I-SETA ingagunyaza ukumiswa kwalesisivumelwano uma:

3.1.1 umqashi nomfundi bavumelene ngencwadi ukumisa isivumelwano; noma

3.1.2 umqashi noma umfundi ecelile ngezizathu ezinhle ukumisa isivumelwano, abathintekayo nabo banikezwe ithuba lokubeka imibono yabo ephikisa ukumiswa kwesivumelwano sokufunda.

3.2 Isicelo sokumiswa kwesivumelwano kufuneka sihanjiswe kuSETA ngencwadi ebhaliwe kanye nalokhu okulandelayo-

3.2.1 isivumelwano esibhaliwe phakathi komqashi nomfundi enikeza izizathu zokumiswa kwesivumelwano;

3.2.2 uma kunesidingo, izizathu kanye nobufakazi bokuthi abathintekayo esivumelwaneni banikiwe ithuba lokuphikisa ukumiswa kwesivumelwano sohlelo lokufunda.

3.3 Bonke abayingxenye yesivumelwano sohlelo lokufunda kufanele bathathe izinyathelo zokuvuselela isivumelwano uma sekuphele isikhathi sokumiswa kwaso.

4 Ukuqedwa kwalesisivumelwano

Lesisivumelwano siyaphela:

4.1 ngosuku lokuphela kwaso njengoba kulotshiwe kuSigaba B walesisivumelwano; noma

4.2 ngaphambi kwesikhakhi uma-

4.2.1 umfundi eqede ngempumelelo ukuhlolwa kokugcina futhi wenelisa lwafeza zonke izidingo ezihambisana nolwazi lokusebenza mathupha ngaphansi kohlelo;

4.2.2 umfundi uxoshiwe emsebenzini ngoba umqashi enezizathu ezibonakalayo noma eziphathelene nokuziphatha kwakhe noma ikhono lakhe njengomsebenzi;

4.2.3 I-SETA ikwamukela ukuqedwa kwesivumelwano ngokwemibandela ebekwe kuMithethomigomo Yezinhlelo Zokufundisa Amakhono, 2007.

5 Izikhalo

5.1 Uma kunokungezwani noma impikiswano mayelana nalokhu okulandelayo, izikhalo zizokwedluliselwa ku Commission for Conciliation, Mediation and Arbitration (CCMA):

5.1.1 incazelo noma ukusetshenziswa kwanoma iliphi iphuzu lesivumelwano, isivumelwano somfundi sokuqashwa noma isinqumo (Sectoral determination) esenziwe ngaphansi kwesigaba 18(3) soMthetho Ongamele;

5.1.2 Isahluko 4 soMthetho Ongamele;

5.1.3 Ukuqedwa kwalesisivumelwano noma ukuphela kwesivumelwano somsebenzi ongumfundi ongaphansi kwasigaba 18(1) soMthetho Ongamele.

5.2 Uma kunenkinga ngezinga lemfundo nokuqeqeshwa ngumqeqeshi noma izinga lomfundi ezifundweni zakhe, izinkinga zidluliselwa ku-ETQA ogunyaziwe kulezozifundo ukuthi izicazulule ngendlela ebekwe emigomeni ka-ETQA.

ISIGABA B: IMININGWANE YOHLELO LOKUFUNDA AMAKHONO KANYE NABANTU ABANGAMALUNGA WESIVUMELWANO

Uyacelwa ukuba ubheke lokhu okulandelayo:

- Umangabe uMfundi usebenzela umqashi, uMfundi noMqashi kudingeka ukuba basayinde isivumelwano sokusebenza.
- Umangabe uMfundi esemncane umzali noma lowo obheke uMfundi kudingekile ukuba naye abambe ichaza kulesisivumelwano agcwalise imininingwane ekusiHlephu sesi-3. uMzali noma uMphathi woMfundi uzoyeka ukubamba ichaza umangabe uMfundi kudingeka aziphathele ngokwakhe ngokomthetho.
- Umangabe iQembu labaQashi libamba ichaza kusivumelwano, omunye wabaQashi kudingeka ukuba asebenze njengoMqashi oyiNhloko. UMqashi oyiNhloko kudingeka ukuba agcwalise imininingwane ekusiHlephu sesi-4. Imininingwane yabanye abaqashi kudingeka inikezwe ephepheni elihamba lodwa.
- Umangabe uMqhashi noMqeqeshi ogunyaziwe bengumuntu munye, uMqhashi kudingeka ukuba agcwalise imininingwane ekusiHlephu 4 no 5.
- Umangabe iQembu labaQeqeshi libamba ichaza kusivumelwano, omunye wabaQeqeshi kudingeka ukuba asebenze njengoMqeqeshi oyiNhloko. UMqeqeshi oyiNhloko kudingeka abenegunya lokuqeqesha ngaphansi kwesifundo leso esithile kanti futhi kudingeka ukuba agcwalise imininingwane ekusiHlephu sesi-5. Imininingwane yabanye abaqeqeshi kudingeka inikezwe ephepheni elihamba lodwa.
- Ikhophi lohla lohlelo lokufundisa nokuthi kuzofundiswa kanjani kudingeka ukuba linikezwe.
- Umangabe uMqashi usayinde isivumelwano ne-ESDA ukuthi i-ESDA isebenze eminye noma yonke imisebenzi yomqashi okanye i-ESDA ibambe amanye noma wonke amalungelo womqashi ngokohlelo lokufundisa amakhono, imininingwane ekusihlephu sesi-6 kudingeka ukuba igcwaliswe.

1 Imininingwane yoHlelo Lokufunda Amakhono

1.1 Igama loHlelo Lokufunda : _____

1.2 Inombolo yoHlelo Lokufunda ebhaliswe wuMyango Wezabasebenzi:

_____

1.3 Usuku lokuqala kwesivumelwano sohlelo lokufundisa: _____

1.4 Usuku lokuqedwa kwesivumelwano soHlelo Lokufunda :

_____

1.5 Isikhundla esincikene nohlelo lokufunda amakhono (ngokwe Organising Framework of Occupations (OFO): _____

1.6 Igama lesifundo: _____

1.7 Inombolo kamazisi yesifundo yakwa SAQA:

_____

2 **Imininingwane yoMfundi**

2.1 Igama eligcwele: _____

2.2 Inombolo kamazisi: _____

2.3 Usuku lokuzalwa: _____

2.4 Ubulili: ☐ Wesilisa ☐ Wesifazane

2.5 Ubuhlanga: ☐ Onsundu ☐ Indiya

☐ Wombala ☐ Omhlophe

☐ Okunye (chaza): _____

2.6 Ingabe ukhubazekile ngokomthetho we Employment Equity Act 55 of 1998?[3]

☐ Yebo (chaza): _____ ☐ Cha

2.7 Ikheli lasekhaya: _____

_____

_____

2.8 Ucingo: _____

2.9 Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu):

_____

_____

2.10 Ikheli lombikombani: _____

2.11 Ingabe uyisakhamuzi sase South Africa ?

[3] Umthetho we Employment Equity Act uchaza ukukhubazeka ngokulimala komzimba okanye kwengqondo isikhathi esidlulele ukuvimbela umsebenzi amathuba wokuqhashwa nokukhushulwa emsebenzini.

☐ Yebo ☐ Cha (chaza uphinde unikeze amaphepha achaza ngesimo sakho, isibonelo: sakhamuzi, igunya lokufunda, nokunye):

2.12 Izinga eliphakeme lemfundo:

(Khetha)

	Ngokwezinga le NQF		**Ngokwamanye amagama**	
8		☐	Isiqu sobuDokotela, PhD	☐
7		☐	Isiqu se-Masters	☐
6		☐	Isiqu seminyaka emine (4)	☐
5		☐	Isiqu se-diploma kazwelonke kanye nesitifikethi sebanga eliphakeme	☐
4	Isitifikethi semfundo nokuqeqesha sebanga elimaphakathi	☐	Ibanga le-12, umatikuletsheni NTC 4	☐
3		☐	Ibanga le-11, NTC 3	☐
2		☐	Ibanga le-10, NTC 2	☐
1	Isitifikethi semfundo nokuqeqesha sebanga eliphansi	☐	Ibanga le-9, Isitifikethi somhlalaphansi, NTC 1, Imfundo yabadala yebanga le-4	☐

2.13 Yini isihloko sesifundo sakho esiphakeme? _____

2.14 Ingabe ukewangenela uhlelo lokufunda amakhono ngaphambili?

☐ Yebo (chaza isihloko nekhodi): _____ ☐ Cha

2.15 Ingabe ubuqhashiwe ngumqhashi wakho ngaphambi kokusayinda isivumelwano?

☐ Yebo ☐ Cha

2.16 Umangabe ubuqhashiwe ngumqhashi wakho ngaphambi kokusayinda isivumelwano, chaza ukuthi isikhathi esingakanani:

_____

2.17 Umangabe uqhashiwe, ingabe uqalenini ukusebenza nomqhashi wakho?

_____

3 **Imininingwane yoMzali noma uMphathi woMfundi**

(Kudingeka ukuba igcwaliswe umangabe umfundi esemncane)

3.1 Igama eligcwele: _____

3,2 Inombolo kamazisi: _____

3.3 Ikheli lasekhaya: _____

_____

_____

3.4 Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu)

_____

_____

3.5 Ucingo (ekhaya nasemsebenzini): _____

3.6 Ikheli lombikombani: _____

4 **Imininingwane yoMqashi**

4.1 Igama lomthetho lomqashi: _____

4.2 Igama lebhizinisi (uma lehlukile kwelingaphuzulu): _____

4.3 Kudingekile ukuba ukhokhe i-levy na?

☐ Yebo ☐ Cha

Uma kudingekile, gcwalisa inombolo yakho ye levy : _____

4.4 Igama le SETA yakho: _____

4.5 I-SIC khodi ehambisana nebhizinisi lakho: _____

4.6 Ingabe usebenza njengomqashi oyinhloko na?

☐ Yebo ☐ Cha

4.7 Ikheli lomqashi : _____

_____

_____

4.8 Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu ku 4.7): _____

_____

4.9 Igama lomuntu ochumene : _____

4.10 Ucingo : _____

4.11 Ifeksi: _____

4.12 Ikheli lombikombani: _____

5 **Imininingwane yoMqeqeshi**

5.1 Igama lomthetho lomqeqeshi: _____

5.2 Igama lebhizinisi (uma lehlukile kwelingaphezulu):

_____

5.3 Ingabe usebenza njengomqeqeshi oyinhloko na?

☐ Yebo ☐ Cha

5.4 Kudingekile ukuba ukhokhe i-levy na ?

☐ Yebo ☐ Cha

Uma kudingekile, gcwalisa inombolo yakho ye levy: _____

5.5 I-SIC khodi ehambisana nebhizinisi lakho: _____

5.6 Igama le ETQA egunyaze inhlangano yakho: _____

5.7 Inombolo yegunya nosuku lokubuyekezwa kwegunya:

_____

5.8 Ikheli lomqeqeshi : _____

_____

_____

5.9 Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu ku 5.8): _____

_____

_____

5.10 Igama lomuntu ochumene: _____

5.11 Ucingo: _____

5.12 Ifeksi _____

5.13 Ikheli lombikombani: _____

6 **Imininingwane ye ESDA (uma idingeka)**

6.1 Igama lomthetho le ESDA: _____

_____

6.2 Igama lebhizinisi (uma lehlukile kwelingaphezulu): _____

_____

6.3 Inombolo yokubhaliswa: _____

6.4 Ikheli lebhizinisi ye ESDA : _____

_____

_____

6.5 Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu ku 6.4): _____

_____

_____

6.6 Igama lomuntu ochumene: _____

6.7 Ucingo: _____

6.8 Ifeksi _____

6.9 Ikheli lombikombani: _____

6.10 Uma ngabe umfundi ungaphansi kwesigaba 18(1), gcwalisa ngaphansi amalungelo nemisebenzi ezophathwa yi ESDA ngokwesivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono, njengalokho kuvunyelwene phakathi komqashi neESDA ukuthi kuzophathwa yiESDA:[4]

_____

_____

_____

_____

_____

6.11 Uma ngabe umfundi ungaphansi kwesigaba 18(2), gcwalisa ngaphansi amalungelo nemisebenzi ezophathwa wumqashi ngokwesivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono, uma kukhona, njengalokho kuvunyelwene phakathi komqashi neESDA ukuthi kuzophathwa ngumqashi[5]:

_____

_____

_____

6.12 Thumela ikhophhi lesivumelwano phakathi komqashi neESDA.

[4] Uma ngabe lemininingwane ibekwe yacaca kusivumelwano phakathi komqashi ne ESDA, lokho kungakhonjwa kuphlela ukuthi kutholakala kuphi kusivumelwano.

[5] Uma ngabe lemininingwane ibekwe yacaca kusivumelwano phakathi komqashi ne ESDA, lokho kungakhonjwa kuphlela ukuthi kutholakala kuphi kusivumelwano.

7 **Imibandela nezibopho zomsebenzi**

7.1 Ingabe imibandela yomsebenzi womfundi ihambisana nemithetho kazwelonke (isibonelo, isinqumo sesifunda ngokuphethelene nabasebenzi, isivumelwano senhlangano emele amalungelo wabasebenzi, isivumelwano sezinhlangano ezimele amalungelo abasebenzi).

☐ Yebo (chaza): _____ ☐ Cha

7.2 Thumela ikhophi elichaza ngemibandela yomsebenzi womfundi (isibonelo: isivumelwano somsebenzi, imibandela yomsebenzi ebhaliwe).

8 **Amasiginesha wamaLunga**

Isiginesha yoMfundi:

_____

Usuku : _____

Isiginesha yoFakazi:

_____

Usuku: _____

Isiginesha yoMzali noma yoMphathi signature

(Uma ngabe umfundi emncane kuphela

_____

Usuku: _____

Isiginesha yoFakazi:

_____

Usuku: _____

OkweHovisi kuphela

Inombolo yohlelo lokufundisa amakhono: _____

Usuku lokubhaliswa kwesivumelwano: _____

Isiginesha yoMphathi weSETA (uMphathi woHlelo lokufunda amakhono): _____

IMININGWANE EKUDINGEKA IGCWALISWE NGUMQEQESHI NGAMUNYE UMANGABE IQEMBU LABAQEQESHI LIYILUNGA LESIVUMELWANO

Umqeqeshi 1

Igama lomthetho lomqeqeshi: _____

Igama leETQA eligunyaze inhlangano yomqeqeshi : _____

Inombolo yegunya nosuku lokubuyekezwa kwegunya: _____

Igama lomuntu ochumene: _____

Ucingo: _____

Ifeksi: _____

Ikheli lombikombani: _____

Isiginesha: _____

Usuku: _____

Umqeqeshi 2

Igama lomthetho lomqeqeshi: _____

Igama leETQA eligunyaze inhlangano yomqeqeshi : _____

Inombolo yegunya nosuku lokubuyekezwa kwegunya: _____

Igama lomuntu ochumene: _____

Ucingo: _____

Ifeksi: _____

Ikheli lombikombani: _____

Isiginesha: _____

Usuku: _____

IMININGWANE EKUDINGEKA IGCWALISWE NGUMQASHI NGAMUNYE UMANGABE IQEMBU LABAQASHI LIYILUNGA LESIVUMELWANO

Umqashi 1

Igama lomthetho lomqashi: _____

Igama lomuntu ochumene: _____

Ucingo: _____

Ifeksi: _____

Ikheli lombikombani: _____

Isiginesha: _____

Usuku: _____

Umqashi 2

Igama lomthetho lomqashi: _____

Igama lomuntu ochumene: _____

Ucingo: _____

Ifeksi: _____

Ikheli lombikombani: _____

Isiginesha: _____

Usuku: _____

Isithasiselo C

ISIVUMELWANO PHAKATHI KOMQASHI NE ESDA

IMBIJANA YEMIBANDELA NEMIGOMO YESIVUMELWANO SESIGABA 12

Isivumelwano phakathi komqashi ne ESDA kudingikeli ukuba sichaze ngalokhu okulandelayo:

1. Incazelo eyanele mayelana nabantu ababambe ichaza, kufakwe amagama womthetho, amagama wamabhizinisi, imininingwane yokubhaliswa kwebhizinisi efanele, ikheli, abantu abaphethe kanye futhi nemininingwane yokuchumana nabo.

2. okuqukethwe yisivumelwano-

(1) Umangabe lesivumelwano siqukethe isivumelwano somsebenzi okanye isivumelwano sohlelo lokufindisa amakhono esisayindiwe saphethwa, isivumelwano kudingeka ukuba-

(a) sichaze lesosivumelwano somsebenzi okanye lesosivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono esimbandanyekayo;

(b) sisho ukuthi lesisivumelwano sizohlanganisa leso sivumelwano somsebenzi okanye leso sivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono kuphela uma sibuyekeziwe sasayindwa yilabobantu ababamba ichaza kuzo.

(2) Umangabe lesivumelwano siqukethe isivumelwano somsebenzi okanye isivumelwano sohlelo lokufindisa amakhono esizosayindiwa siphethwe ngesikhathi esizayo, lesivumelwano kudingeka sichaze lesosivumelwano somsebenzi okanye lesosivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono ezizothinteka kulesisivumelwano ngendlela ecacile nezwakalayo.

3. Amalungelo nemisebenzi ye ESDA ngaphansi kwesivumelwano ngokuphathelene nomfundi, kuhlanganisa nalokhu okulandelayo-

(1) mayelana nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(1), amalungelo nemisebenzi yomqashi ngaphansi kwesivumelwano eyedluliselwe ku ESDA;

(2) mayelana nomfundi ongaphansi kwesigaba 18(2), isivumelwano ngamalungu sokuthi iESDA izophatha lawomalungelo nemisebenzi yomqashi ngaphansi kwesivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono okanye isivumelwano somsebenzi ngaphandle kwalawo malungelo nemisebenzi echazwe ngokusobala ngaphansi kwesivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono okanye isivumelwano somsebenzi ekudingeka ukuthi iphathwe ngumqashi;

(3) isibopho seESDA sokuthi izophatha lawomalungelo nemisebenzi ngokwemithetho nemithethomigomo eqondene.

4. Amalungelo nemisebenzi yomqashi ngaphansi kwesivumelwano.

5. Isiqinisekiso seESDA-

mayelana nezinga lomsebenzi ozokwenziwa ngaphansi kwesivumelwano;

nokuthi inamandla nezimfanelo zonke ezidingekayo zokuthi isebenze umsebenzi wayo ngaphansi kwesivumelwano somsebenzi, isivumelwano sohlelo lokufundisa amakhono kanye nemithetho efanele neqondene.

6. Isikhathi sonke sesivumelwano.

7. Umyalo wokubuyekezwa kwesivumelwano.

8. Umyalo wokuphelisa isivumelwano.

9. Umyalo wokuqulwa kwezikhalo ngendlela engenazihibe mayelana nokuhumushwa nokusebenza kwesivumelwano.

Isithasiselo D

ISICELO SOKUBHALISA I-ESDA

Indawo:.....
Usuku: .....

(GCWALISA KATHATHU)
INhloko YoMnyango
UMnyango Wezabasebenzi
Private Bag .....

1. **Imininingwane yofaka isicelo**

1.1. Igama lomthetho le ESDA_____

_____

1.2. Igama lebhizinisi (uma lehlukile kwelingaphezulu); _____

_____

1.3. Uhlobo lwesakhiwo sebhizinisi ngokomthetho: _____

_____

1.4. Inombolo yokubhaliswa:_____

1.5. Ikheli lebhizinisi:_____

_____

_____

1.6. Ikheli lokuposa (uma lehlukile kwelingaphezulu): _____

_____

_____

1.7. Igama lomuntu ophethe: _____

1.8. Ucingo : _____

1.9. Ifeksi: _____

1.10. Ikheli lombikombani:_____

2. **Chaza imisebenzi yokuletha amathuba wemisebenzi nokuphuculwa kwamakhono ezokwenziwa**

2.1. Nikeza imininingwane yezimboni nezifunda / nezifundazwe lapho ufisa ukuletha amathuba wemisebenzi nokuphuculwa kwamakhono khona:

_____

_____

_____

2.2. Chaza izinhlelo zamakhono lapho ufisa ukuletha amathuba wemisebenzi nokuphuculwa kwamakhono khona:

_____

_____

_____

2.3. Nikeza imininingwane yocwaningo olwenziwe ukuthi ubone isidingo somsebenzi wakho: _____

_____

_____

3. **Izincwadi ezihambisana nalesisicelo**

3.1. Ikhophi lokubhaliswa kwebhizini elifakazelwe;

3.2. Ubufakazi bokuhambisana nezimfuno zomthetho;

3.3. Amakhophi wemigomo nezindlela zokuphathwa kwezimali;

3.4. Amakhophi wemigomo nezindlela zokuhanjiswa kwebhizinisi nezincwadi;

3.5. Incazelo yezakhiwo nezinhlaka zokuphathwa kwenhlangano;

3.6. Ubufakazi bamakhono abasebenzi;

3.7. Ubufakazi bamandla wezimali;

3.8. Umbiko mayelana nocwaningo lwezidingo.

Kusayindwe ngalolusuku _____ luka _____ 20_____

indawo_____

uMphathiswa onegunya: _____ _____

Igama Siginesha

Isithasiselo E

ISITIFIKETHI SOKUBHALISWA KWE-ESDA

Lokhu kuyisiqiniseko sokuthi iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi ibhalise

[Igama le-ESDA].....

.....

iNombolo yokubhalisa:.....

yase **[iKheli le ESDA]**

.....

.....

.....

ukuba yiNhlangano yeZemisebenzi Nokuphuculwa Kwamakhono (phecelezi i-ESDA) ngaphansi kwesigaba 15 seMithethomigomo yeziNhlelo Zokufundisa Amakhono, 2007 ngaphansi kwalemibandela elandelayo:

.....

.....

.....

.....

.....

iNhloko yoMnyango Wezabasebenzi

Usuku:..... 20 .....

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001
Gedruk deur en verkrygbaar by die Staatsdrukker, Bosmanstraat, Privaatsak X85, Pretoria, 0001